

**INKULULO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI
KAKHISIMUSI WABADALA KA-2015 EMNAMBITHI.**

Ngiyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokubonga ukuthi siphinde sithole leli thuba lokuhlangana ngalesi sikhathi sikaKhisimusi wonyaka ka-2015. Njalo uma kufika lesikhathi salo mcimbi kuyaye kungifikele ukuthi phakathi kwethu akekho ongenaye umuntu amaziyo ongabange esaficwa yilesi sikhathi.

Okusho kona ukuthi kumele thina esisekhona sikhombise ngayo yonke indlela ukuthi siyayazisa futhi siyayihlonipha impilo yethu.

Siyajabula futhi ukuthi ucwaningo olukhona manje luveza ukuthi siyanda isibalo sabantu abafika emashumini ayisithupha ubudala ezweni lethu kusuka ngo-2005.

Kuyavela ukuthi izinhlelo zikahulumeni wethu zokusiza imiphakathi ngezempilo nokunye okuthinta inhlalakahle sezisize kakhulu ukuba abantu baphile isikhathi eside.

Ngiyazi ukuthi ziningi izinselelo enibhekene nazo njengabantu abadala emakhaya lapho niqhamuka khona. Abanye bahlushwa ngabazukulu abangamahlongandlebe. Abanye bahlukumezeka ngezindlela ezahlukene.

Ubugebengu nabo bulokhu busihlukumeze njalo ezindaweni esihlala kuzona.

Siyazi ukuthi njengoba sihlangele kanjena nje akekho phakathi kwethu ongathi akakaze yena noma akazi muntu oseke wahlukumezeka ngenxa yobugebengu. Kodwa futhi ngiyazi ukuthi baningi lapha abanolwazi ngalabo abenza ubugebengu ezindaweni esihlala kuzona.

Okunye engithanda ukukubonga ngalolu hlelo lukaKhisimusi wabadala esilwenzayo ngukuthi phezu kokuba kuyingakithi lapha, kodwa vele nangohlelo lukaHulumeni wesifundazwe lokutshalwa koNgqongqoshe ezifundeni yimina engibhekele ukuqhubeka kwentuthuko yalapha oThukela uMnambithi ongaphansi kwalo.

Ngakho-ke konke okuhlukumeza nokujabulisa abadala kule ndawo vele kumele kudlule kumina bese ngikuhambisa ngemigudu efanele.

Yingakho kubalulekile ukuthi nani njengabantu abadala esithembele kunina endaweni kudingeka nithembeke nakuthina sibe nokubambisana ekwakhiweni kwesizwe.

UHulumeni wesifundazwe, ngokusebenzisa uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, wenza konke okungasiza ukuthola izixazululo nokugqugquzela abantu ukuba baphumele obala uma behlukumezeka noma bazi abathile abahlukumezayo.

Kunezinhlelo esizama ngazo ukulekelela kakhulu labo abayizisulu ikakhulukazi zokhlukumezeka emindenini.

Siyazi phela ukuthi lolu kuba udaba olubucayi, ikakhulukazi ngoba lolu hlobo lobugebengu lwenzeka emndenini lapho kumele kube yisikhungo sokwakha nokukhulisa umuntu.

Kumele sibe nemindenini ejabulile ekhiqiza abantu abajabulile abazokuba negalelo ekuyiseni isizwe phambili.

Siyazi ukuthi abantu abaningi baba yizisulu buthule. Siyazi ukuthi abantu abahlukunyezwayo bagcina sebenesikhumba esingazweli babekezele noma ngabe bayabona ukuthi izimpilo zabo zisengozini.

Abanye bayahluleka ukubalekela ukuhlukunyezwa ngoba besaba ukuthi kuzothiwa bayizahluleki ezihlulwa umendo, ikakhulukazi abesifazane.

Kokunye indlela abesifazane abaphathwa ngayo emindenini, izihlobo, emaBandleni nasemphakathini ngemuva kwedivosi kuba yisizathu sokuthi bangaphumi emshadweni ongasazigcwalisi izithembiso futhi oyingozi kubona.

Abanye bayafihla ukuthi bayahlukunyezwa ngoba bengafuni ukuveza izinkinga emishadweni yabo, ngingasayiphathi-ke eyokuvezela umhlaba ukuthi umyeni wami uyangihlukumeza.

Siyazi ukuthi esikhathini esiningi abahlukumezekayo kuba ngabesifazane kodwa lokho akusho ukuthi yibona kuphela abayizisulu.

Kukhona abesilisa abahlukunyezwa ngendlela eyisimanga lapha ngaphandle kodwa okubonelayo ukuthi abanaso isibindi sokuphumela obala babike ukuthi bahlukunyezwa ngophathina babo.

Manje uthola ukuthi ukungabiki kwamadoda ngokuhlunyezwa kwawo kwenza singabi nesithombe esicacile ukuthi kwenzekani emiphakathini. Abanye bathi bakhuliswa befundiswa ukuthi indoda ayikhali noma ngabe into isiyime emphinjeni ngoba uma ikhala ibizwa ngomfazi.

Yikona-ke lokungakhali okubuye kwakhe ibhomu elithi uma seliqhuma umuntu ahluleke ukuzilawula abulale noma alimaze wonke umuntu ekhaya noma emsebenzini bese eyazibulala naye.

Ngibona kubalulekile nalapha ukuthi thina esesibadala sibheke izingane zethu nabazuluku ukuthi akukho yini okungaba yizinkinga eziholela kulokhu.

Bengithi angiveze nje lokhu ngoba nali ithuba livelile, kodwa engithanda ukugcina ngako lapha ngokuthi abantu abake bathandane bahlalisane ngokuthula ezindaweni esihlala kuzona.

Njengoba siphana izipho zikaKhisimusi nje, makungagcini lapha kodwa makube yinto esiyiphilayo ukuthi sikwazi ukupha.

Ungahlali nje ungenzi lutho ube wazi ukuthi kukhoba umakhelwane odinga into mhlambe wena ongayidingi noma onayo ngokungaphezulu kwesidingo sakho. Masihambe siyodla kahle uKhisimusi noNcibijane size sihlangane nasonyakeni ozayo.

Ngiyabonga.